UBongi noBongani bajabulile.

Usuku lwabo olukhethekile.

Umama wabo uzobathengelani?





Umama unikeza amawele amabhokisi.

UBongani uvula ibhokisi.

Hawu! Icilongo!

Akalithandi icilongo.

UBongi uvula elakhe, uyamamatheka.

UBongani ubheka uBongi emangele.

“Bheka!” UBongi ukhombisa uBongani ibhola lakhe.

UBongani akakwazi ukudlala icilongo.

Uqala ukukhalela ibhola likaBongi.





UBongi akafuni ukumnika ibhola.

Naye uyalithanda ibhola lakhe elisha.

UBongi ubeka ibhola, udlala icilongo.

UBongani uthatha icilongo kuBongi.

Uvuthela icilongo kepha kuziphumela umoya.

UBongani uyalivuthela futhi.

Kusaziphumela umoya.





UBongani ulingisa uBongi.

Kepha usahluleka.

Ngabe icilongo liphukile?

UBongani ukhathazekile.

UBongi udlala icilongo, liyakhala.

Yelele! Aliphukile.

UBongani ufuna ukufunda ukudlala icilongo. Ubukela uBongi uma elidlala.





UBongi ubheka uBongani uma efunda.

UBongani udlala icilongo uyaphindaphinda.

Awu! Kusaziphumela umoya.

UBongi uyamfundisa.

Hhayi bo! UBongani uyehluleka ukudlala.

UBongani unecebo.

Uboleka uBongi icilongo lakhe.

Uyambhekisisa uma edlala.

UBongi udlala icilongo kahle kakhulu.

UBongani uzofunda ukudlala icilongo.







UBongani ufunda ukudlala.

Udlala icilongo emini nasebusuku.

Ingabe uzophumelela?

Uyehluleka ukudlala icilongo.

UBongani ukhihla isililo.

UBongi uyamthulisa.

Umnikeza ibhola lakhe. UBongani akafuni ukulithatha.





Uzama ukufunda ukulidlala.

UBongani uthola ipheshana ebhokisini lesipho.

Ngelani ipheshana?

Linemithetho yokudlala icilongo.

UBongani udlala ebheke ephepheni.

Icilongo likhala kahle.

UBongi umangele!

Icilongo likaBongani lidlala kahle.

UBongani uqala ukuthanda icilongo lakhe.





UBongani uyakwazi ukudlala icilongo.

UBongi noBongani badlala icilongo kanyekanye. Omunye nomunye udlala elakhe.

Benza umculo omnandi!

Bathola ithuba lokudlalela umndeni icilongo.

Umndeni uyawuthokozela umculo wabo!

